



Igama lami nginguZanele Situ. Ngithanda ezemidlalo ezweni lakithi iNingizimu Afrika. Lena yindaba yami.



Ngangineminyaka elishumi nanye ngenkathi umzimba wami uhlaselwa ukugula. Imilenze yami yehluleka ukunyakaza, angabe ngisakwazi ukuzihambela. Ngaya esibhedlela.




T4_4 Zanele's story_big book_Z.indd 2 2021/11/04 21:56



Odokotela bangihlola ngokukhethekile. Ngelinye ilanga bakhuluma nabazali bami bathi: "UZanele ngeke aphinde akwazi ukuzihambela. Kumele abe nesihlalo esinamasondo."



T4_4 Zanele's story_big book_Z.indd 3 2021/11/04 21:56



Ngaya esikoleni esikhethekile. Ngangithanda ezemidlalo, kanti othisha bangifundisa ukuzibandakanya kwezemidlalo yize ngangihamba ngesihlalo esinamasondo.



T4_4 Zanele's story_big book_Z.indd 4 2021/11/04 21:56



Ngangenela imiqhudelwano yezemidlalo ngafika ngazuza imiklomelo. Ngangizimisele kakhulu ukuze ngiye kuma-Olimpiki.



T4_4 Zanele's story_big book_Z.indd 5
2021/11/04 21:56



Ngaziqeqesha kanzima,
ngase ngimenywa ukuba
ngiye kuma-Olimpiki.
Ngaziqhenya kakhulu emva
kokuzuza indondo yegolide!



T4_4 Zanele's story_big book_Z.indd 6 2021/11/04 21:56

